

HILLCREST HIGH SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (PIII)

NOVEMBA 2016



IBANGA LE-11

GRADE 11

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-6

VIKE MFUNDI !!!

Ikhasi 1 kwayi- 6

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: amaminithi angama-70

ISIQEPHU B: amaminithi angama-30

ISIQEPHU C: amaminithi angama-20

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
ISIQEPHU A: (Izindaba)
 - Ubude bendaba

Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.

ISIQEPHU B: (Umbhalo owedlulisa imiyalezo)

• Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane enemiyalezo)

• Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU A

INDABA

1. Khetha **ISIHLOKO ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni ayi -190 kuya emagameni angama – 240.

1.1 Bhala indaba ngesihloko esithi: Ngibonga abazali bami ngokungikhulisa.

1.2 Empilweni kunezinto ezibikezela okuzokwenzeka kodwa esingazinaki. Bhala indaba ngesihloko esithi: Ukuba ngangazi ukuthi kuzoba nje ngabe.... [50]

1.3 Indlela eyalwelwa ngayo inkululeko sisayibona namanje emibhikishweni yabafundi baseNyuvesi. Bhala indaba eveza ubuhle nobubi bokuteleka kwabafundi baseNyuvesi ngesihloko esithi: Imibhikisho yasemaNyuvesi. [50]

1.4 Ubuchwepheshe buhamba phambili kulezi zinsuku esiphila kuzo. Abafundi bayadinga ukweluleka ngendlela abangasebenzisa ngayo lobu buchwepheshe ekuthuthukiseni izimpilo zabo. Bhala indaba esihloko sithi: ukusetshenziswa kobuchwepheshe ezikoleni. [50]

1.5 Sonke sinabantu esibukela kubo nabasikhuthazayo ukuze siphumelele ezimpilweni zethu yize bengasazi. Bhala indaba esihloko sithi Ngiyalithanda iqhawe/ iqhawekazi lami. [50]

1.6 Bhala indaba yakho esihloko sithi “ umuntu ngumuntu ngabantu” [50]

Buka lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha esisodwa ubhale ngaso indaba. Ungakhohlwa ukuyipha isihloko indaba yakho.

1.7



1.8



[50]

ISAMBA SESIQEPHU A :50

Ikhasi 4 kwayi- 6

ISIQEPHU B

2. Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-80 kuya kwayi-100.

- 2.1 Amkhansela amasha asekhethiwe futhi aseqalile ukusebenza kanzima ukuletha izidingo zomphakathi ezindaweni ezingomakhelwane. Kweyakini indawo akwenzeki lutho nje izinto zonakele. Bhalela ikhansela langakini incwadi ukhalaze ngokukuphethe kabi emphakathini wangakini [30]
- 2.2 Njengoba kuza amaholide kaZibandlela abafundi abaningi bazifunela amatoho ukuze babe nemali futhi bangabi uvanzi. Nawe uthathe isinqumo sokufuna umsebenzi. Bhala umlando wokuzethula (CV) ozocela ngawo umsebenzi. [30]
- 2.3 Nibe nomhlangano omkhulu ninekilasi lakho lesiZulu nixoxa ngokulungiselela umcimbi wesiZulu. Nidingide nezihloko ezimayelana nosuku lomcimbi, imali yokungena nezinhlobonhlobo zokunandisa kulo mcimbi. Bhala i-ajenda namaminithi omhlangano ebenikuwo. [30]
- 2.4 Umkhulu wakwamakhelwane obumkhonzile uhlale umvakashela akuxoxele izinganekwane udlulile emhlabeni. Indodakazi yakhe ikucele ukuba ubhale umlando kamkhulu. Bhala umlando ngomufi. [30]
- 2.5 Sekube nokungaboni ngaso linye nomngane wakho oweseka laba bafundi ababhikishayo baze bashise nempahla uma bebhikisha. Bhala ingxoxo yakho nomngane wakho nibonisana ngalesi simo. [30]

ISAMBA SESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C

3. **Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-60 kuya kwangama-80.**
- 3.1 Uyilungu labafundi abalungisela umcimbi wokugabisa ngamasiko esizwe sonke (cultural evening). Ucelwe uthisha ukuba wenze isikhangiso esizochonywa esikoleni nasemigwaqeni. Bhala iphosta. [20]
- 3.2 Usube nethuba eliyinqayizivele lokuya eLandani ukuyothekela ngolwazi ekwethuleni inkulumo phambi kwabantu. Bhalela umama wakho iphosikhadi amazise ukuthi zihamba kanjani izinto lapho. [20]
- 3.3 Abanye abafundi bayehluleka ukuzilungiselela ngaphambi kokuhlola kokuphela konyaka. Bhala imiyalelo elishumi umfundi okumele ayilandela ngaphambi noma ngesikhathi sokuhlolwa. [20]

[20]

ISAMBA SESISONKE: 100